# UMama uGumede uxolise kubantu basemijondolo

CELANI SIKHAKHANE

KUVUKE amanxeba kubantu basemijondolo yaseThekwini ngesikhathi uSihlalo we-ANC esiFundeni, uNkk Zandile Gumede, ecela intethelelo ngazo zonke izinto ezimbi ezenziwe yinhlangano yakhe nomasipala ewuholayo weTheku kuBahlali baseMijondolo.

Izolo uNkk Gumede ubehlangene nabo enkabeni yedolobha. Kuvuke usizi kubahlali basemijondolo bebala izinto ezibuhlungu ezenzeke kubo ngenxa ye-ANC nomasipala waseThekwini.

UNkk Sindi Zikode, unkosikazi kaMengameli wenhlangano yabaHlali baseMijondolo, uMnuz Sbusiso Zikode, uthe nakuba belwamukela uxolo lwe-ANC kodwa kubuhlungu okwenzeke kubo kangangokuthi kusenzima ukuba bakhohlwe.

"Mama uGumede siyakuzwa impela ngokuxolisa kwakho, kodwa ngizwa ngivukwa wubuhlungu ngezinto ezenzeke kithi. Mina nomndeni wami sahlaselwa kanzima sishaywa kwaze kwadilizwa nendawo esasihlala kuyo, kwaphoqeleka ukuba siyohlala ekubhaceni. Sibuthwalile ubunzima kuphazamiseka ngisho izingane zethu esikoleni ngenxa yokuthi izikhulu bezingahambisani nezikhalo zethu zokuba sithole izidingo njengabo bonke abantu," kusho uNkk Zikode.

Ubekusho lokhu ngemuva kokuthi ngo-2009 umyeni wakhe nabanye abaholi benhlangano yabaHlali baseMjondolo bagcina bebaleka bayocasha ngemuva kokuhlaselwa emijondolo yabo yiqulu labantu okwakukholakala ukuthi ngabe-ANC kanti abanye baze balimala bagcina beyizishosha.

Abahlali, iningi labo okungabesifazane, bebegcwele ihholo begqoke izikibha ezibhalwe ukuthi; "Sekwanele, sekwanele, Indoda emva indlu phambili."

UNkk Gumede uthe bayaxolisa kukho konke okwenzeka, ngakho njengoba yena sekufana nokuthi useyiMeya, ucela balalele akushoyo ngoba ngeke abathembise amanga.

"Ukwenza nje isibonelo, uma unguMaMkhize ugane uNgcobo, bese uNgcobo ekubalekela ethandana noDolly kodwa uma esebuya uyamamukela ngoba usuke umthanda lokhu kweqiniso yize ebekade ekuphoxile. Ngakho ngicela nenze kanjalo nani niyixolele i-ANC. Amakhansela enikhala ngokuthi awafuni ukuninikeza izincwadi enisuke nizidinga sicela niwabike. Empeleni njenge-ANC sizofuna wonke amakhansela ethu azobika njalo emva kwezinyanga ezintathu ukuthi anenzeleni.

"Ngaphandle kwalokho izindlu nizokwakhelwa futhi ugesi sizonifakela kuyo imijondolo enihlala kuyo ukuze sivimbe le nto yamakhandlela abhubhisa abantu. Mina angiwakhulumi amanga ngoba angisona isilima esinganithembisa into engekho. Engikushoyo kuzokwenzeka ngoba sengivele ngiyiMeya wukuthi nje angikafakwa iketanga lakhona. Ngiyacela futhi ukuthi umhlaba awungathathwa ngenkani ngoba njengoba abantu befika ngobuningi bezofuna amatoho kuleli dolobha indawo iyaphela ayinwebeki ngakho sizozama ukwakha izindlu abantu abazozirentela," kusho uNkk Gumede.

Ucele abaHlali ukuthi nabo babe nenhlonipho basebenzisane ne-ANC ukuze kuyiwe phambili.



UNkk Zandile Gumede, uSihlalo we-ANC eThekwini, ozehlisile izolo wacela intethelelo kuBahlali baseMijondolo ngezinto ezimbi ezenzeke kubo ngenxa yokungaboni ngaso linye phakathi kwe-ANC nabo

Isithombe: PATRICK MTOLO